

Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko Lohlelo Lukahulumeni Lwezokuxhumana Nokudlulisa Kolwazi (GCIS)


English/isiZulu

Zibandlela 2021



**Ukufaka
izikhala
ze-GEPF kwe-
nziwe kwaba
lula**

Ikhasi lesi-2



**Ukunqoba izi-
thiyo ukuze u-
ngene Kumkha-
ka kaHulumeni**

Ikhasi le-10

Bika inkohlakalo ngenombolo ephuthumayo yokulwisana nenkohlakalo

UMA NGABE usola inkohlakalo, ukukhwabanisa, ukweba noma okunye okungalungile emsebenzini kahulumeni, uyanxuswa ukuthi ukubike.



Image: unsplash.com

Silusapho Nyanda

Ukunqanda inkohlakalo emsebenzini kahulumeni kusaloku kuseqhulwini ku-hulumeni futhi neNombolo Ephuthumayo Kazwelone Yokulwisana Nenkohlakalo

ikwenza kube lula kumalungu omphakathi ukuthi abike ngezinsolo zezenzo zenkohlakalo.

Inombolo ephuthumayo ye-thulwa iKhomishana Yezemisebenzi Kahulumeni (i-PSC) ngowezi-2004 futhi kusukela lapho, sekungene izingcingo ezingaphezu kwezi-100 000 ezi-

bika ngezinsolo zenkohlakalo nokungaphathi kahle.

Lezi zingcingo ezishaywa izingede seziholele ekuphenyweni kwamacala ayizi-24 035 enkohlakalo, ukukhwabanisa kanye nobunye ubugebengu, kusho uKhomishana Wezemisebenzi Kahu-

lumeni u-Michael Seloane, owengamele wonke umsebenzi owenziwa ikhomishana.

Phakathi kowezi-2020 no-wezi-2021, kubikwe amacala angama-337 kusetshenziswa inombolo ephuthumayo. Angamashumi amathathu nanhlanu kula macala abandakanya

ukuqashwa nokuthengwa kwempahla ngokungalandeli umthetho aphenya yi-PSC. Amanye amacala asele adlu-liselwa kweminye iminyango kahulumeni noma ama-ejensi ezomthetho ukuze aphenye.

UHlelo Lokwakhiwa Nokuthuthukiswa (i-RDP) kwe-zindlu, nokungahambisi ngomthetho kwamathenda nezibonelelo zenhlalo zinge-zinye zezinsolo ezenziwe.

"Ngesikhathi sokuvalwa kwezwe salunywa indlebe kusetshenziswa ama-imeyili. Sibuye sibe nohlelo-kusebenza oluqopho imiyalezo kulabo abafisa ukushayela ucingo kwinombolo yethu ephuthumayo ngemuva kwamahora okusebenza," kusho u-Seloane.

Wengeza ngokuthi selokhu kwaqala ukuxegiswa kwezigaba zokuvalwa kwezwe, sekube nokwanda okuqhube kayo ekubikweni kokukhwabanisa okuhlobene nezibonelelo zenhlalo, ikakhulukazi izibonelelo Zenhlalo Zokusiza labo Abakhahlamezekile.

Ukuqinisa imizamo yokunqanda inkohlakalo, uMbuso usucije ama-ejensi ezomthetho ngabasebenzi abanekhono, futhi wasungula nesikhungo i-Fusion Centre. Isikhungo siyinhlanganisela yama-ejensi ezomthetho abelana ngolwazi

Iqhube ka ekhasini lesi-2



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u-SA Government ku-Google playstore noma ku-appstore

UNGASITHINTA LAPHA

Iwebhusayithi: www.gcis.gov.za I-imayili: vukuzenzele@gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

Ucingo: (+27) 12 473 0103

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083

ELAMAHHALA ALITHENGISWA

Isuka ekhagini loku-1

kanye nezinsiza-kusebenza ekulweni nokukhwabanisa nenkohlakalo ekuthengweni kwezimpahla nezinsiza ezhlobene ne-COVID-19.

Kwenzakalani emva kokulunywa indlebe?

U-Seloane uthi uma icala libikwa ngenombolo ephuthumayo, abasombululi bamacala bazobe sebehlolola ukuthi yonke imininingwane edingekayo ihlizekiwe yini. Lokhu kubandakanya imininingwane yokuthi ngubani owenze ini, isenzo esisolwayo senzeke nini, futhi kungani.

bamacala bazobe sebehlolola ukuthi yonke imininingwane edingekayo ihlizekiwe yini. Lokhu kubandakanya iminini-

ngwane yokuthi ngubani owenze ini, isenzo esisolwayo senzeke nini, futhi kungani. Uthi uma kutholakala isenzo esingalungile – kungaba ukuthengwa noma ukupashwa okungalandelanga umthetho, ukukhishwa kwentshontsho, inkohlakalo ehlobene nezindlu ze-RDP, ukukhwabanisa kwezibonelelo zenhlalo, ukufuduka ngokunge-mthetho, ukushaya, ukweba noma ukukhwabanisa – i-PSC ikhipha isincomo sokuthi kuthathwe isinyathelo sokulungisa isimo kumnyango ofanelekile noma idlulisele icalako Klebe, i-SAPS noma kwiThimba Elibhekele. Ukunqanda Inkohlakalo ukuzelizqhubeka liphnywe. Amacala adluliselwa yi-PSC

eminyangweni ukuze aphe-nye, abandakanya:

- Abasebenzi bakahulumeni abenza omunye umsebenzi ozuzisa imali ngaphandle kokuthola imvume yeminyango
- Ukungaphumeli obala ngento eshayisana nomsebenzi, kanye
- Nokuphenya ngokuziphatha okungenasimilo.

U-Seloane uthi i-PSC inika iminyango kahulumeni izinsuku ezingama-60 ukuthi iphenye futhi ivale icala. Uthi umnyango ube sewubikela i-PSC ngokutholile. "Uma sithokozile ngezinyathelo ezithathwe umnyango, sizobe sesilivala icala, kodwa uma singagculisekile, sibuyela emuva kubona."

Ukungadalulwa ku-qinisekisiwe

Uma ngabe ingede ingafuni ukuzidalula, isikhulu esisebenza kwinombolo ephuthumayo ye-PSC sizo-thatha imininingwane yayo yokuxhumana kuphela. Lokhu kubalulekile uma kudingeka imininingwane eyengeziwe, i-PSC kumele ikwazi ukuxhumana nazo.

Izingede ezibika amacala enombolweni ephuthumayo ye-PSC ziyaqinisekiswa

ngokuvikeleka uma zingafuni ukuzidalula, kusho u-Seloane. Uchaze wathi abasombululi bamacala baqequeshiwe ukuqinisekisa ukuthi ukungadalulwa kwezingede kuhlala kuvikelele.

U-Seloane uthi abantu base-Ningizimu Afrika kumele babike inkohlakalo ngoba intshontshela abampofu futhi imisa intuthuko, lokho okuvimbela izwe ukuthi lipokophele phambili.❶

Inombolo Ephuthumayo Yokunqanda

Inkohlakalo: 0800 701 701

Izingede zingasiluma indlebe nge-imayili (integrity@publicservicecorruptionhotline.org.za) noma ngesihlanzandaba

(0800 204 965).

Ukufaka izikhhalazo ze-GEPF kwenziwe kwaba lula

Amalungu, abantu abathola imali yempesheni kanye nabazui Besikhwama Sempesheni Yabasebenzi bakaHulumeni (i-GEPF) manje sebenendawo yokuthola usizo uma bengajabule ngezinsizakalo abazitholayo.

Ukuze kuqinisekiswe ukuthi amalungu e-GEPF kanye neminden yabo baphathea ngendlela efanele, ibhodi lisanda kusungula ihhovisi elizosingatha izikhhalazo. Ihhovisi Elilamula Ezezimpesheni Zabasebenzi bakaHulumeni (i-GEPO) iyyihhovisi langaphakathi kodwa elizimele le-GEPF.

I-GEPF ibalwa kanye nezinye izikhwama ezinkulu zempe-sheni emhlaben, inamalungu angaphezulu kwsigidi es-1.2 futhi inabantu abahola impesheni nalabo abahlo-mulayo abangaphezulu kwezi-450 000. Lesi sikhwama

sasungulwa futhi silawulwa ngokoMthetho Wezimpesheni Zabasebenzi bakaHulumeni. Ummeli uMakhado Rambulana uqashwe njengo-Mlamuli. Uthi leli hhovisi lisungulwe ukusiza abantu abangajabule ngezinsizakalo ze-GEPF.

Lizoba wusizo olukhulu kubantu abangakwazi ukukhela usizo lwezmthetho. Ngaphambi kokuthi abantu bahambise izikhhalazo zabo eHhovisi Lomvikeli Womphakathi noma ezinkantolo, bangafuna isixazululo kuMlamuli. UMLamuli uzongenelela ezindabeni eziholela ekubambezelekeni okungenasizathu kwezinkokhelo okumele zitholwe ngabafakizicelo. Angalamula kuphela izikhalo ezifakwe eminyakeni emithathu eyedlule.

Ezinye izinkinga i-GEPF ekwazi ukubhekana nazo zibandakanya:

- Ukwehluleka kubasebenzi bakahulumeni ukwenza umsebenzi wabo ngokomthetho kanye nemithethomgomoye-siKhwama
- Ukwephulwa kwesibopheloz ngaphandle kwe-sizathu esizwakalayo; kanye
- Nolwazi okungesilona noma oludukisayo olu-hlinzekwe ngabasebenzi be-GEPF.

Ngaphambi kokufaka isikhhalazo ku-GEPF, umuntu kufanele athumele isikhalo esibhaliwe ku-GEPF, i-Ejensi Yokupathwa Kwezimpesheni zikaHulumeni (i-GPAA) noma kumqashi wakhe, futhi abanike ithuba lokusombulula lolu daba.

"Kumele ubanike izinsuku ezingama-30 ukulungisa izinkinga oziphakamisile. Uma, emva kwezinsuku ezingama-30, izinkinga zakho zilokhu zingaxazululwa,

ungathumela isikhhalazo kuMlamuli," kuchaza uRambulana.

UMLamuli angeke akwazi ukwamukela icala uma sekunopheno olusemthethweni oluqhubekeyo kwenye indawo.

"Kungakapheli amasonto amabili kusukela osukwini isikhhalazo esatholwa ngalo, i-GEPO izocubungula [icala] futhi yazise

ummangali ukuthi ingakwazi yini ukuphenya ngalo futhi inqume ngalolu daba." Uma uMLamuli engavumi ukuphenya ngesikhhalazo, ummangali angabhalela ihhovisi le-GEPO zingakapheli izinsuku ezingama-21 anikeze izizathu zokuthi kungani ekholelwakuthi isikhhalazo siwela ngaphansi kwegunya le-GEPO.❷

Imihlahlandlela egcwele mayelana nokuthi usifaka kanjani isikhhalazo iyatholakala kwiwebhusayithi ye-GEPO ethi: www.gepo.co.za. Izikhhalazo zingafakwa nge-inthanethi, ngokubhala, noma nge-imayili. Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa thintana noMphathi Wezikhalazo ngokubhala incwadi eya kuleli kheli elithi: P.O Box 11005, Hatfield, Pretoria, 0028, uthumele i-imayili ku: enquiries@gepo.co.za noma ushaye ucingo ku: 012 110 4950



government
communications

Department:
Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: vukuzenze@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Acting Head of
Editorial and Production
Tyrone Seale | tyrone@gcis.gov.za

Acting Editor-in-Chief
Zanele Mgadzi | zanelemgadzi@gcis.gov.za

Managing Editor
Irene Naidoo | irene@gcis.gov.za

Writers
More Matshediso
Jauhara Khan
Silusapho Nyanda

Senior Designer
Tendai Gonese

Language Practitioners
Nomgcibelo Motha
Boitumelo Phalatse
Thandolunye Magudulela

Vuk'uzenzele
is published by Government Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by: RISING SUN PRINTERS for Extraordinary Service
Distributed by: ON THE DOT



Sakha isisekelo sotshalomali

Ngokuvamile, lesi yisikhathi sonyaka lapho sihlanganisa abatshalizimali abavela ezweni lonkana kanye nasemhlabeni wonke ukuze bahambele iNgqungquthela Yotshalomali yaseNingizimu Afrika eyenzeka njalo ngonyaka.

Sibambe Ingqungquthela Yotshalomali yokuqala ngowezi-2018 njengengxene ye yomkhankaso wethu wokuqongelela imali elinganiselwa kwisigididi esi-R1.2 kutshalomali olusha eminyakeni emihlangu. Ingqungquthela ibithanyelwe yizithunywa ezingaphezulu kwenkulungwane ngowezi-2018 na ngowezi-2019, futhi kwa-thi ngowezi-2020 yabanjwa ngendlela yezobuchwephe-she ngenxa yobhubhane lwe-COVID-19.

Zisonke, lezi zingqungquthela zithole izibophezelozotshalomali olungaphezu kwezigidigidi ezingama-R770 emikhakheni ehlukene yezomnotho.

Ingqungquthela yesine Yotshalomali lwaseNingizimu Afrika ibizobanjwa ngoLwezi kowezi-2021, kodwa sibe sesinquma ukuyihlehlisela kuNdasa 2022 ngenxa yeminye imicimbi eminingana eyenzeka ngalesi sikhathi esifanayo. Lokhu kubandakanya ukhetho lohulumeni basekhaya, ingqungquthela yokushintsha kwesimo sezulu ye-COP26 kanye noMbukiso Wezohwebo Wamazwe ase-Afrika. Esinye sezizathu esibalulekile sokuyibamba ngonyaka ozayo ukuthi bazobe sebebaningi abantu asebegomele i-COVID-19 ngaleso sikhathi, okuzokwenza kube lula uku-hamba kanye nokubuthana.



Nakuba iNgqungquthela yesine Yotshalomali isibamezeleke ngezinyanga ezi-mbalwa, umkhankaso wethu wokutshalwa kwezimali usaqhubeka. Ngisho namaphakathi kwesimo somnotho esiyinselelo esidalwe wubhubhane lwe-COVID-19, esabhebhetekiswa udlame nezidube ezenzeka ezingxenyeni ezithile zezipfundazwe i-KwaZulu-Natali kanye ne-Gauteng ngoNtulikazi, izinkampani ziyaqhubeka nokwenza kahle ezibophezelweni zazo futhi zibheke amanye amathuba okutshalwa kwezimali eNingizimu Afrika.

Ngonyaka ophelile uwodwa nje, cishe izigidigidi eziyi-R120 zeziphezelozotshalomali zaya ekusungulweni noma ekuqhutshweni kwemiklamo. Lokhu kusho ukuthi cishe ama-38% esamba seziphezelozotshalomali - noma izigidigidi ezingama-R290 – kuze kubeyimanje zingene emnethweni. Olunye utshalomali lubambezelekile ngenxa ye-COVID-19, ikakhulukazi emikhakheni eshayekanezima njengokuthuthukiswa kwezakhiwo kanye nezokuvakasha.

Ezikuthakwa kwemithi ziyingxenyenye entsha ethokozisayo ekhulayo.

Inkampani i-Aspen Pharmacare isanda kwethula ukunwetshwa kwenkampani okubize izigi-

digidi eziyi-R3.4, okwamenyezelwa eNgqungqutheleni Yotshalomali ngo-wezi-2018. Lolu tshalomali luguqule isikhungo sokukhiqiza se-Aspen esise-Gqeberha saba ngesinye sezikhungo ezinkulu emhlabeni wonke esikhqiza izidambisinhlungu futhi esesikhqize imithamo yomgomowe-COVID-19 i-Johnson & Johnson engaphezulu kwezigidi eziyi-100.

Inhlangano Yezempilo Yomhlaba iphinde ya-ketha iNingizimu Afrika ukuthi isingathe isikhungo sokukhiqiza umgomowemRNA nesikhungo i-Biovac Institute, okuwubudlelwane phakathi kukahulumeni nomkhakha ozimele. UDkt u-Patrick Soon-Shiong ongowokuzalwa eNingizimu Afrika kanye nenkampani yakhei-NantWorks basanda kumemezelu umzamo omuhle wokwakha ikhono lokunakekelwa kwezempirokuthuthukile e-Afrika. Ukwengeza kutshalomali abazoluletha, lokhu kuthuthuka kuzophinde kube nomthelela eku-zimiseleni kwethu kokuthi izwekazi likhiqize ama-60% ezidingo zalo zomgomogowezi-2040.

Ezamandla kagesi zingene ingxenyenye yokukhula. Abafakizicelo abangama-25 abakhethiwe emzuliswanenieni wesihlanu woHlelo Lokuthola Abahlizeki

Bogesi Ovuselelekayo Abazimele sebebonke kulindeleke ukuthi batshale imali elinganiselwa kwizigididi ezingama-R50 emnothweni. Ukwenyuka komkhawulo wokuthola izimvume zokuphehla ugesi kuya kuma-megawatts ayi-100 kungenzeka kubenomphumela kutshalomali oluzimele kwimiklamo yokuphehla ugesi.

iNingizimu Afrika isanda kuthola isibophezelosokuqala sezigidigidi ezingama-R131 ukuxhasa uguquko olufanele oluya emnothweni onekhabhoni ephansi ngokutshala izimali emandleni avuselelkayo, kwi-green hydrogen kanye nasezimotweni ezisebenza ngogesi. Lokhu kuzibophezelakweMe-liko, i-United Kingdom, i-France, i-Jalimane kanye noBumbano Lwamazwe aseYurophu kuhambisana neSivumelwano sase-Paris, esibophezelamazwe acebile ukuthi asekele ukukhishwa kwekhabhoni emazweni asathuthuka.

Lolu tshalomali lwezamandla kagesi luzosisiza ukuthi sinqobe ukucishwa kukagesi ngenhloso yokuwonga izwe elibhekene nakho njengamanje, njengoba indlela entsha yokuphehla ugesi isiqala.

Utshalomali olusha oluningana kwizizinda zokugcinwa kolwazi ama-datacentre kanye nezintambo ezihamba ngaphansi kolwandle ngeke kunge-nise nje utshalomali olushakuphela, kodwa kuzohlinzeka nengqalasizinda edingekayo ekukhulenikobuchwepheshe kanye nezimboni zezokuxhumana.

Ingxenyenye ebaluleke kakulu yomkhankaso wethu

wotshalomali ngumphumela wezinguquko esizenzayo emikhakheni efana nezamandla kagesi, ezokuxhumana, amanzi namachweba kanye no-jantshi bezitimela. Lezi zinguquko zizothuthukisa ukusebenza kahle kanye nokuncintisana, zehlise izindleko zokwenza ibhizini eNingizimu Afrika, futhi zikhuthaze utshalomali oluzimele olukhulu kwingqalasizinda yethu yezomnotho.

Manje sinezingxenyenye zomnotho ezikhethekile eziyi-13 ezweni lonke, ezi-hlinzeka abatshalizimali ngezikhuthazi abazibekelozona zotshalomali, amanani entela abawakhetayo kanye nokwesekwa kokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe. Lokhu kunikeza isisekelo sokukhiqiza esikhangayo ezinkampanini ezifuna ukuphakela izimakethe zasekhaya kanye nezamazwe ngamazwe. Inani labo selikhule ngokuqhukayeo ngokusungulwa kweNdawo Yezwekazi lase-Afrika Yokuhwebelana Ngokukhululekile, eqale ukusebenza ngokuhwebelana ngokusemthethweni ekuqaleni konyaka.

Ngesikhathi izinga lotshalomali lehlile ngenxa yemiphumela yalolu bhubbane, futhi imiklamo eminingana ibambezelikile, umkhankaso wotshalomali usuqala ukuthola amandla futhi.

Njengoba senza inqubeke-la-phambili ngokuqaliswa koHlelo Lokwakha Kabusha kanye Nokuvuselelw Komnotho - ngokugxila kwingqalasizinda, ukuthuthukiswa kwezimboni, ukuqashwa kanye nezinguquko zezakhiwo - isimo sotshalomali sizoqhubeka sibe ngcono.❶